“**amasiko**” kushiwo leyo mikhuba eyenziwa yisizwe esithile, ehlonishwayo noma engahlonishwa njengoba kuhlangozwe kulo Mthetho;

“**usuku owafakwa ngalo**” kushiwo umhla lu-1 kuNdasa 2006;

“**iMpumalanga Kapa**” kushiwo isifundazwe saseMpumalanga Kapa;

"iGazethi" kushiwo iGazethi esemthethweni yesiFundazwe saKwaZulu-Natali;

"iKwaZulu-Natali" kushiwo isiFundazwe saKwaZulu-Natali;

"uhlaka lombuso" kushiwo uhlaka lombuso njengoba luchazwe esigabeni 239 soMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, 1996 (uMthetho 108 ka 1996);

"isishayamthetho sesifundazwe" kushiwo isishayamthetho sesifundazwe njengoba kuhlangozwe esigabeni 104 soMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, 1996;

"isiShayamthetho sesiFundazwe" kushiwo isiShayamthetho sesiFundazwe saKwaZulu-Natali;

"ibhizinisi likahulumeni wesifundazwe" kushiwo ibhizinisi likahulumeni wesifundazwe njengoba kuchazwe esigabeni 1 soMthetho wokuPhathwa kweziMali zikaHulumeni, 1999 (uMthetho No. 1 ka 1999);

"iLungu loMkhandlu oPhethe elibhekele ezohulumeni basekhaya" kushiwo iLungu loMkhandlu oPhethe elibhekele ezohulumeni basekhaya KwaZulu-Natali;

"amalungelo kanye nezimpokophelo" kubandakanya, phakathi kokunye –

(a) amagunya, amalayisensi nezimvume; kanye

(b) nezikweletu, namajoka nezibopho ezihambisana nalokho,

ezitholakale, ezenziwe, noma ezizuzwe ngaphambi kokuqala kokusebenza kwalo Mthetho ngokuhambisana nanoma iluphi uhlaka lwenqubomgomo, lomthetho noma nolokuphatha;

"lo Mthetho" kubandakanya imithethonqubo esunguliwe nezaziso kanye nezinhlelo ezishicilelwe njengoba kuhlangozwe kulo Mthetho;

"umphakathi wasemakhaya" kushiwo umphakathi njengoba kuhlangozwe esigabeni 4 soMthetho woBuholi boMdabu nokuBusa waKwaZulu-Natali, 2005 (uMthetho No. 5 ka 2005);

“umkhandlu wabaholi bomdabu” kushiwo umkhandlu osungulwe njengoba kuhlangezwe esigabeni 8 soMthetho woBuholi boMdabu nokuBusa waKwaZulu-Natali, 2005 (uMthetho No. 5 ka 2005);

“isikhungo somdabu” kushiwo isikhungo, noma ngabe siyahlonishwa noma asihlonishwa njengoba kuhlangezwe kulo Mthetho, esisungulwe njengoba kuhlangezwe ngokuhambisana nemithetho yesintu namasiko komphakathi wasemakhaya, noma ngabe iyahlonishwa noma ayihlonishwa njengoba kuhlangezwe esigabeni 4 soMthetho woBuholi boMdabu nokuBusa waKwaZulu-Natali, 2005, (uMthetho No. 5 ka 2005);

“umholi womdabu” kushiwo umuntu okukhulunywe ngaye kwiSahluko 4 soMthetho woBuholi boMdabu nokuBusa, 2005 (uMthetho No. 5 ka 2005) njengomholi wezomdabu; kanti

“uMasipala waseMzimkhulu” kushiwo umasipala –

(a) osungulwe ngeSaziso sesiFundazwe 344 ngonyaka ka 2000, esashicilelwa *kwiGazethi yesiFundazwe* 5563 ngonyaka ka 2000, njengoba sichitshiyelwe iSaziso sesiFundazwe 1 sangonyaka ka 2006, esashicilelwa *kwiGazethi yesiFundazwe* 6456 yamhla zi-5 kuMasingana ngonyaka ka 2006, esakhishwa ngokwesigaba 12 soMthetho weziNhlaka zoMasipala woHulumeni baseKhaya, 1998 (uMthetho No. 117 ka 1998); futhi

(b) olawula ngokubambisana indawo engaphansi kwawo noMasipala wesiFunda iSisonke, njengoba kuhlangezwe esigabeni 4 soMthetho wokuNqunywa kweziNhlalo zoMasipala waKwaZulu-Natali, 2000 (uMthetho No. 7 ka 2000).

Ukusebenza koMthetho

2. Lo Mthetho –

(a) usebenza endaweni engaphansi kukaMasipala waseMzimkhulu njengoba kuhlangezwe kulo Mthetho, futhi ulawulwa iLungu loMkhandlu oPhethe elibhekele ezohulumeni basekhaya; futhi

(b) iwona oyolandelwa uma kuba nokushayisana nanoma yimuphi omunye umthetho wesifundazwe.

Izinhlaka zenqubomgomo, zomthetho nezokuphatha ezisebenza eMzimkhulu

3. Kuncike ezinhlinzekweni zalo Mthetho, izinhlaka zenqubomgomo, zomthetho nezokuphatha ezisetshenziswa KwaZulu-Natali, njengoba zichitshiyelwa izikhathi ngezikhathi, ziyosebenza endaweni engaphansi kukaMasipala waseMzimkhulu kusukela ngosuku lokuqala kokusebenza kwalo Mthetho.

Ukuhlonishwa nokuvikelwa kwamalungelo akhona kanye nezimpokophelo

4.(1) Noma yiliphi ilungelo noma impokophelo, okungaba elitholakale, elizuzwe, elihlonzwe noma elemukelwe ngaphambi noma ngemuva kokufakwa kukaMasipala waseMzimkhulu KwaZulu-Natali ngalokhu –

- (a) lithathwa njengelisemthethweni futhi aliguqulwa ukuqala kokusebenza kwalo Mthetho; futhi
- (b) lithathwa njengelungelo noma impokophelo emukelwe izinhlaka zenqubomgomo, zomthetho nezokuphatha ezikhona KwaZulu-Natali.

(2) Noma yisiphi isicelo sokuvuselela noma iliphi ilungelo noma impokophelo, osekuphelelwe isikhathi emva kwesikhathi esithile esibekiwe, njengoba kubalulwe kunoma kuziphi izinhlaka zenqubomgomo, zomthetho noma zezokuphatha ezisebenza kulelo lungelo noma kuleyo mpokophelo, kumele senziwe sihambisane nezinhlinzeko ezifanele eziphathelene nezinhlaka zenqubomgomo, zomthetho noma zezokuphatha zaKwaZulu-Natali.

(3) Uma izinhlaka zenqubomgomo, zomthetho noma zezokuphatha KwaZulu-Natali ezihambisana nalokho okuhlongozwe ezigatshaneni (1) noma (2) zingekho, uhlaka olusebenza eMpumalanga Kapa okutholakale ngalo lelo lungelo noma lezo zimpokophelo, ngalokhu luthathwa njengohlaka lwenqubomgomo, lomthetho nolokuphatha lwaKwaZulu-Natali olusebenzayo, njengoba kungaba njalo, uma lelo lungelo noma lezo zimpokophelo zisekhona.

Ukuba semthethweni kwezenzo zezokuphatha nokulawula

5.(1) Zonke izenzo zezokuphatha nokulawula ezenziwa ngokuphathelene nanoma yiluphi udaba oluthinta ukuphathwa kwendawo engaphansi kukaMasipala waseMzimkhulu nomphakathi oyakhele ngaphambi kokuqala kokusebenza kwalo Mthetho, ezenziwa ngezinhloso ezinhle yinoma isiphi isikhulu noma umsebenzi ohlongozwe esigatshaneni (2), ngalokhu zithathwa njengemisebenzi eyenziwe ngokusemthethweni –

(a) njengokuthi yonke imigomo yomthetho edinga ukulandelwa, okubandakanya phakathi kokunye, ukudluliselwa kwamandla, ukujutshwa, amandla ommeli, izivumelwano zamazinga okuhlinzekwa kwezidingo noma izivumelwano zokuhlinzekwa kwezidingo, obekudingeka ngesikhathi kwenziwa leyo misebenzi, kulandeliwe;

(b) noma yonke imigomo yomthetho edinga ukulandelwa, kubandakanya phakathi kokunye, ukudluliselwa kwamandla, ukujutshwa, amandla ommeli, izivumelwano zamazinga okusebenza, izivumelwano zokuhlinzekwa kwezidingo, ingazange ilandelwe ngokuphelele.

(2) Ngokwezinhloso zalesi sigaba, “isikhulu” noma “umsebenzi” kushiwo –

(a) ilungu leMikhandlu ePhethe eMpumalanga Kapa naKwaZulu-Natali;

(b) umsebenzi osehovisi noma ilungu loMkhandlu kaMasipala waseMzimkhulu, wase-Alfred Nzo kanye nowaseSisonke; kanye

(c) nomsebenzi –

(i) osebenza kuHulumeni wesiFundazwe saseMpumalanga Kapa nowaKwaZulu-Natali;

(ii) osebenza kuMasipala waseMzimkhulu kanye nakoMasipala beziFunda i-Alfred Nzo neSisonke; kanye

(iii) nosebenza kunoma iluphi uhlaka lombuso noma ibhizinisi likahulumeni wesifundazwe.

Amandla okulawula namanye amandla

6. ILungu loMkhandlu oPhethe –

(a) ngesaziso *kwiGazethi* –

(i) lingasungula imithethonqubo engashayisani nalo Mthetho nganoma yiluphi udaba olungenza kube lula ukusebenza kwalo Mthetho; futhi

(ii) lingashicilela noma lichibiyele nanoma yiluphi uhlelo olubonakala lunesidingo ukuze kusetshenziswe lo Mthetho; futhi

(b) lingaphinde likhiphe izaziso kwiGazethi esiphathelene noguquko kumalungelo kanye nezimpokophelo ezihlongozwe esigabeni 4 salo Mthetho.

Impahla

7. Noma iyiphi impahla egudlukayo, engazange idluliselwe kuHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natali noma kuMasipala waseMzimkhulu, njengoba kungaba njalo, iyadluliswa ngokuqala kokusebenza kwalo Mthetho.

Izinhlinzeko zesikhashana

8. Konke okwenziwe noma okuthathwa ngokuthi kwenziwe ngokwanoma iyiphi inhlinzeko yomthetho ochithwe yisigaba 9 futhi okungenzeka ukuthi yenziwe njengoba kuhlongozwe kulo Mthetho noma ohlakeni lwenqubomgomo, lomthetho noma lokuphatha lwaKwaZulu-Natali, kumele kuthathwe ngokuthi kwenziwe njengoba kuhlongozwe ezinhlinzekweni ezihambisana nalo Mthetho noma njengoba kuhlongozwe ohlakeni lwenqubomgomo, lomthetho noma lokuphatha lwaKwaZulu-Natali.

Ukuchithwa kwemithetho

9.(1) Imithetho ebalulwe kwiNgxenye A kuya ku F yoHlelo ngalokhu iyachithwa ngendlela ekhonjiswe oHlelweni, njengoba isebenza KwaZulu-Natali.

(2) Noma yiluphi uhlaka lwenqubomgomo, lomthetho noma lokuphatha olukhona endaweni engaphansi kukaMasipala waseMzimkhulu ngaphambi kokuqala kokusebenza kwalo Mthetho, oluphathelele –

(a) nomthetho ophathelene namasiko nemikhuba;

(b) nemiphakathi yasemakhaya, imikhandlu yomdabu, abaholi bomdabu kanye nezinye izikhungo zomdabu; kanye

(c) nobunikazi nokuphathwa komhlaba,

aluphazanyiswa yizinhlinzeko zalo Mthetho.

Isihloko esifingqiwe

10. Lo Mthetho ubizwa ngoMthetho wokuHlelwa kaBusha kweNdawo yaseMzimkhulu waKwaZulu-Natali, 2015.

UHLELO

UkuChithwa kweMithetho
(Isigaba 9(1))

Ingxenye A: Ama-Odinensi kanye neziMemezelo zesiFundazwe esasaziwa ngeKoloni ezadluliselwa eMpumalanga Kapa

Inombolo kanye nonyaka womthetho	Isihloko	Okuchithwayo
I-Odinensi No. 7 ka 1912	I-Odinensi ephathelene neGesi yoMaziphathe beziNdawo zaseKapa, 1912	Yonke
I-Odinensi No. 8 ka 1913	I-Odinensi eyisiChibiyelo soMthetho wesiGungu sosoMabhizinisi saseMonti, 1913	Yonke
I-Odinensi No. 13 ka 1913	I-Odinensi kaMasipala weDolobha laseBhayi, 1913	Yonke
I-Odinensi No. 23 ka 1918	I-Odinensi yokuBolekwa kweziNhlango zaBalimi iziMali, 1918	Yonke
I-Odinensi No. 4 ka 1919	I-Odinensi yeziKhungo eziLwa noBubha nokuLekelela abaNkomo, 1919	Yonke
I-Odinensi No. 11 ka 1919	I-Odinensi kaMasipala waseMonti, 1919	Yonke
I-Odinensi No. 4 ka 1924	I-Odinensi ye-Graaf-Reinet College, 1924	Yonke
I-Odinensi No. 5 ka 1924	I-Odinensi eyisiChibiyelo yeziKhungo eziLwa noBubha nokuLekelela abaNkomo, 1924	Yonke
I-Odinensi No. 6 ka 1926	I-Odinensi yezokuLothisa, 1926	Yonke
I-Odinensi No. 24 ka 1930	I-Odinensi yeMigwamanda yoMphakathi (eCwaninga amaBhuku), 1930	Yonke
I-Odinensi No. 23 ka 1935	I-Odinensi yokuTshalwa kweziMali zoMaziphathe beziNdawo, 1935	Yonke
I-Odinensi No. 17 ka 1938	I-Odinensi yoMaziphathe beziNdawo (eCwaninga amaBhuku), 1938	Yonke
I-Odinensi No. 18 ka 1938	I-Odinensi yeziKidi, 1938	Yonke
I-Odinensi No. 9 ka 1939	I-Odinensi yoKwabiwa koMhlaba kaHulumeni wesiFundazwe, 1939	Yonke
I-Odinensi No. 11 ka 1941	I-Odinensi yeDolobha laseBhayi yamaThilamu aZimele angahambi ngeMizila yoJantshi, 1941	Yonke
I-Odinensi No. 26 ka 1944	I-Odinensi yokuQhathanisa amaNani, 1944	Yonke
I-Odinensi No. 1 ka 1945	I-Odinensi yamaKhomishana, 1945	Yonke
I-Odinensi No. 18 ka 1946	I-Odinensi yeziBhedlela, 1946	Yonke
I-Odinensi No. 2 ka 1948	I-Odinensi yeDolobha laseMonti yokuNweba iMingcele, 1948	Yonke
I-Odinensi No. 21 ka 1950	I-Odinensi yeDolobha laseBhayi yokuChitshiyelwa kwamaThilamu aZimele angahambi ngeMizila yoJantshi, 1950	Yonke
I-Odinensi No. 15 ka 1955	I-Odinensi yeziBhedlela eChitshiyelwe, 1955	Yonke
I-Odinensi No. 3 ka 1956	I-Odinensi yeziBhedlela eChitshiyelwe, 1956	Yonke
I-Odinensi No. 11 ka 1955	I-Odinensi yokuDluliselwa kwaBasebenzi boPhiko lwama-Ambulensi kanye neziMpesheni, 1955	Yonke

I-Odinensi No. 20 ka 1956	I-Odinensi yezeMfundo, 1956	Yonke
I-Odinensi No. 26 ka 1957	I-Odinensi yokuLawula iziLwane eziwuVanzi, 1957	Yonke
I-Odinensi No. 6 ka 1963	I-Odinensi yoMaziphathe beziNdawo ephathelene nokuThuthukiswa koMphakathi ngendlela eFanele, 1963	Yonke
I-Odinensi No. 16 ka 1964	I-Odinensi yokuNqunyelwe oMaziphathe beziNdawo, 1964	Yonke
I-Odinensi No. 23 ka 1964	I-Odinensi yesiFundazwe yeziNdawo zokuDlela, 1964	Yonke
I-Odinensi No. 13 ka 1965	I-Odinensi yokuDluliselwa kwaMandla, 1965	Yonke
I-Odinensi No. 11 ka 1968	I-Odinensi yokweHlukaniswa koMkhandlu wase-East Griqualand, 1968	Yonke
I-Odinensi No. 20 ka 1971	I-Odinensi yeziNdawo zokuNgcebeleka uMphakathi, 1971	Yonke
I-Odinensi No. 12 ka 1972	I-Odinensi ye-Gibbon Bequest, 1972	Yonke
I-Odinensi No. 10 ka 1974	I-Odinensi yokweHlukaniswa kwe-Kafraria, 1974	Yonke
I-Odinensi No. 19 ka 1974	I-Odinensi yoKongiwa kweNdalo nezeMvelo, 1974	Yonke
I-Odinensi No. 20 ka 1974	I-Odinensi yoMasipala, 1974	Yonke
I-Odinensi No. 18 ka 1976	I-Odinensi yokweHlukaniswa kweMikhandlu, 1976	Yonke
I-Odinensi No. 19 ka 1976	I-Odinensi yeMigwaqo, 1976	Yonke
I-Odinensi No. 8 ka 1977	I-Odinensi yokuVikelwa koMphakathi, 1977	Yonke
I-Odinensi No. 15 ka 1977	I-Odinensi yokuQoqwa kweziMali iMigwamanda eseMthethweni, 1977	Yonke
I-Odinensi No. 13 ka 1978	I-Odinensi yamaKomidi oPhenyo, 1978	Yonke
I-Odinensi No. 19 ka 1978	I-Odinensi yeNtela yeziNja, 1978	Yonke
I-Odinensi No. 3 ka 1982	I-Odinensi yokuQinisekisa ukoNgiwa kweNdalo, 1982	Yonke
I-Odinensi No. 15 ka 1985	I-Odinensi yokuHlelwa kokuSetshenziswa koMhlaba, 1985	Yonke
I-Odinensi No. 11 ka 1986	I-Odinensi yokuNqatshelwa kweMijaho yeziNja, 1986	Yonke
I-Odinensi No. 148 ka 1993	I-Odinensi yokuQhathanisa amaNani oMhlaba, 1993	Yonke

Ingxenye B: Izimemezelo, imiThethonqubo neZaziso ezakhishwa uHulumeni waseNingizimu Afrika ezadluliselwa eMpumalanga Kapa

<i>Inombolo nonyaka womthetho</i>	<i>Isihloko</i>	<i>Okuchithwayo</i>
Isimemezelo No. 142 samhla ziyi-15 kuLwezi-1910	Isimemezelo esenziwe ngeGunya loMbusi Jikelele weZwe laseNingizimu Afrika	Sonke
Isimemezelo No. 196 samhla zinga-26 kuLwezi-1920	Isimemezelo esenziwe ngeGunya loMbusi Jikelele weZwe laseNingizimu Afrika	Sonke

Isimemezelo No. 70 samhla zinga-23 kuMbasalase 1937	Isimemezelo esenziwe ngeGunya loMbusi Jikelele weZweNingizimu Afrika	Sonke
Isimemezelo No. 116 samhla ziyi-13 kuNhlabawokuPhathwa kwaBokudabuka kuleli, 1927 1949	Isimemezelo esenziwe ngokwesigaba 25(1) soMthetho wokuPhathwa kwaBokudabuka kuleli, 1927	Sonke
Isimemezelo No. R. 293 samhla ziyi-16 kuLwezikanye noMhlaba waBokudabuka kuleli, 1936 1962	Isimemezelo esenziwe ngokwesigaba 4 soMthetho weThrusti kanye noMhlaba waBokudabuka kuleli, 1936	Sonke
Isimemezelo No. R. 5 samhla ziyi-11 wokuPhathwa kwaBokudabuka kuleli, 1927 kuMasingana 1963	Isimemezelo esenziwe ngokwesigaba 25(1) soMthetho wokuPhathwa kwaBokudabuka kuleli, 1927	Sonke
Isimemezelo No. R. 192 samhla ziyi-8 kuMandulowokuPhathwa kwaBantu, 1927 1967	Isimemezelo esenziwe ngokwesigaba 25(1) soMthetho wokuPhathwa kwaBantu, 1927	Sonke
Isimemezelo No. R. 196 samhla ziyi-8 kuMandulowokuPhathwa kwaBokudabuka kuleli, 1927 1967	Isimemezelo esenziwe ngokwesigaba 25(1) soMthetho wokuPhathwa kwaBokudabuka kuleli, 1927	Sonke
Isimemezelo No. R. 300 samhla ziyi-18 kuMfumfuwokuPhathwa kwaBantu, 1927 1968	Isimemezelo esenziwe ngokwesigaba 25(1) soMthetho wokuPhathwa kwaBantu, 1927	Sonke
Isimemezelo No. R. 33 samhla zinga-28 wokuPhathwa kwaBantu, 1927 kuNhlolanja 1971	Isimemezelo esenziwe ngokwesigaba 25(1) soMthetho wokuPhathwa kwaBantu, 1927	Wonke
Isimemezelo No. R. 322 samhla ziyi-15 wokuPhathwa kwaBantu, 1927 kuZibandlela 1972	Isimemezelo esenziwe ngokwesigaba 25(1) soMthetho wokuPhathwa kwaBantu, 1927	Sonke
Isimemezelo No. R. 1897 samhla ziyi-12 kuMandulonokuSetshenziswa koMhlaba esenziwe ngokwesigaba 66(1) 1986	ImiThethonqubo ephathelene nokuSungulwa kwamaLokishi nokuSetshenziswa koMhlaba esenziwe ngokwesigaba 66(1) soMthetho wokuThuthukiswa kweMiphakathi eNsundu, 1986	Sonke
Isimemezelo No. R. 133 samhla zi-4 kuNcwabaneMisebenzi yamaPhoyisa esenziwe ngokwesigaba 235(7) 1994	Isimemezelo seziNhlizeko zesiKhashana mayelanaMisebenzi yamaPhoyisa esenziwe ngokwesigaba 235(7) soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika, 1993	Sonke
Isimemezelo No. R. 153 samhla zinga-31 kuMfumfusoMthethosisekelo waseNingizimu Afrika, 1993 1994	Isimemezelo esenziwe ngokwesigaba 235(8) soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika, 1993	Sonke

Ingxenye C: Imithetho eyamiswa yiPhalamende laseNingizimu Afrika eyadluliselwa esiFundazweni saseMpumalanga Kapa

<i>Inombolo nonyaka womthetho</i>	<i>Isihloko</i>	<i>Okuchithwayo</i>
UMthetho No. 38 ka 1927	UMthetho wokuPhathwa kwabaMnyama, 1927	Izigaba 1 no 2(7), (7)bis, (7)ter kanye no (8)
UMthetho No. 21 ka 1935	UMthetho ophathelene noSebe loLwandle, 1935	Wonke
UMthetho No. 21 ka 1940	UMthetho wokuKhangisa eMigwaqeni noKwakhiwa kwamaRibhini, 1940	Wonke
UMthetho No. 71 ka 1962	UMthetho wokuVikela iziLwane, 1962	Wonke
UMthetho No. 81 ka 1967	UMthetho waBantu abaDala, 1967	Wonke
UMthetho No. 84 ka 1967	UMthetho wokuSuswa kweziThibelo, 1967	Wonke
UMthetho No. 88 ka 1967	UMthetho wokuHlelwa koMhlaba, 1967	Wonke
UMthetho No. 63 ka 1970	UMthetho weziNdawo eziQaqele iziNtaba, 1970	Wonke
UMthetho No. 41 ka 1971	UMthetho weziDakamizwa neziNdawo zokuHlunyeleliswa kweziMilo, 1971	Wonke
UMthetho No. 9 ka 1972	UMthetho wezokuPhepha eMgwaqeni kaZwelonke, 1972	Wonke
UMthetho No. 209 ka 1993	UMthetho woHulumeni baseKhaya wesiKhashana, 1993	Wonke

Ingxenye D: Imithetho eyamiswa yisiShayamthetho esasaziwa njengesase-Transkei ezadluliselwa esiFundazweni saseMpumalanga Kapa

<i>Inombolo nonyaka womthetho</i>	<i>Isihloko</i>	<i>Okuchithwayo</i>
UMthetho No. 6 ka 1965	UMthetho wokuPhucula ukuZalaniswa kweziLwane wase-Transkei, 1965	Wonke
UMthetho No. 3 ka 1968	UMthetho wokuMithiswa kweziLwane ngeMshini wase-Transkei, 1968	Wonke
UMthetho No. 8 ka 1969	UMthetho weNtela wase-Transkei, 1969	Wonke

UMthetho No. 17 ka 1976	UMthetho woMaziphathe beziNdawo, 1976	Wonke
UMthetho No. 25 ka 1976	UMthetho sichibiyelo wezokuPhatha, 1976	Wonke
UMthetho No. 28 ka 1978	UMthetho ophathelene neziFo zeziLwane kanye neziLwanyana, 1978	Wonke
UMthetho No. 29 ka 1978	UMthetho woMasipala (wokuCwaningwa kwaMabhuku), 1978	Wonke
UMthetho No. 30 ka 1978	UMthetho wokuQhathanisa amaNani, 1978	Wonke
UMthetho No. 33 ka 1978	UMthetho ophathelene neziLwanyana zaseMasimini, 1978	Wonke
UMthetho No. 14 ka 1979	UMthetho wokuKhuliswa kweziTshalo, 1979	Wonke
UMthetho No. 24 ka 1979	UMthetho woMasipala, 1979	Wonke
UMthetho No. 18 ka 1981	UMthetho wokuHlinzwa kweziLwane, wokuHlanzeka kweNyama neMikhiqizo evela eziLwaneni, 1981	Wonke
UMthetho No. 6 ka 1983	UMthetho weziNkantolo zamaKhosi, 1983	Wonke
UMthetho No. 25 ka 1985	UMthetho yezeMpilo eChitshiyelwe yase-Transkei, 1985	Wonke

Ingxenye E: Izimemezelo, izimiso, iMithethonqubo neZaziso ezakhishwa uHulumeni owawaziwa njengowase-Transkei ezadluliselwa eMpumalanga Kapa

<i>Inombolo nonyaka wesimiso</i>	<i>Isihloko</i>	<i>Okuchithwayo</i>
Isimiso No. 6 sika 1989	Isimiso soMkhandlu wezeMidlalo sase-Transkei, 1989	Sonke
Isimiso No. 8 sika 1989	Isimiso seThrasti yokuXhasa ezeMfundo nezeMidlalo sase-Transkei, 1989	Sonke
Isimiso No. 14 sika 1989	Isimiso esiphathelene namaLotho, 1989	Sonke
Isimiso No. 4 sika 1980	Isimiso esiphathelene nokuLawulwa ngeNdlela kwezokuGembula, 1980	Sonke
Isimiso No. 17 sika 1990	Isimiso esiphathelene namaKhasino, 1990	Sonke

Isimiso No. 9 sika 1992	Isimiso esiphathelene noKongiwa kweMvelo, 1992	Sonke
-------------------------	--	-------

Ingxenye F: Imithetho eyamiswa yiSishayamthetho sesiFundazwe saseMpumalanga Kapa

<i>Inombolo nonyaka womthetho</i>	<i>Isihloko</i>	<i>Okuchithwayo</i>
UMthetho No. 1 ka 1994	UMthetho ophathelene nokuQoqwa kweNgeniso waseMpumalanga Kapa, 1994	Wonke
UMthetho No. 3 ka 1994	UMthetho wamaKhomishana waseMpumalanga Kapa, 1994	Wonke
UMthetho No. 4 ka 1994	UMthetho woMvikeli woMphakathi waseMpumalanga Kapa, 1994	Wonke
UMthetho No. 1 ka 1995	UMthetho weNdlu yabaHoli boMdabu waseMpumalanga Kapa, 1995	Wonke
UMthetho No. 2 ka 1995	UMthetho wokuBuyekezwa koKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 1995	Wonke
UMthetho No. 3 ka 1995	UMthetho wokwaBiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 1995	Wonke
UMthetho No. 4 ka 1995	UMthetho wokuChibiyela iMithetho yezeMfundo mayelana nokuQhutshwa kweziVivinyo zikaMatikuletsheni, 1995	Wonke
UMthetho No. 6 ka 1995	UMthetho wokuGqugquzela iziNdaba eziPhathelene neNtsha waseMpumalanga Kapa, 1995	Wonke
UMthetho No. 8 ka 1995	UMthethosichibiyelo wezeziMali waseMpumalanga Kapa, 1995	Wonke
UMthetho No. 10 ka 1995	UMthetho wokuQoqa iziMali e-Ciskei waseMpumalanga Kapa, 1995	Wonke
UMthetho No. 11 ka 1995	UMthethosichibiyelo we-Odinensi yokuQhathaniswa kwamaNani oMhlaba waseMpumalanga Kapa, 1995	Wonke
UMthetho No. 1 ka 1996	UMthetho wokuBuyekezwa koKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 1996	Wonke
UMthetho No. 2 ka 1996	UMthetho woKwabiwa kweziMali, 1996	Wonke
UMthetho No. 3 ka 1996	UMthetho wamaHolo kanye neziBonelelo kwamaLungu esiShayamthetho sesiFundazwe saseMpumalanga Kapa, 1996	Wonke
UMthetho No. 1 ka 1997	UMthetho wokuBuyekezwa koKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 1997	Wonke

UMthetho No. 2 ka 1997	UMthetho we-Eastern Cape Development Corporation, 1997	Wonke
UMthetho No. 3 ka 1997	UMthetho wokweLulwa kwesikhathi sokufaka izicelo zamaBhizinisi, 1997	Wonke
UMthetho No. 4 ka 1997	UMthetho woKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 1997	Wonke
UMthetho No. 5 ka 1997	UMthetho wezokuGembula nokuBheja waseMpumalanga Kapa, 1997	Wonke
UMthetho No. 6 ka 1997	UMthetho wokuHamba kweZimoto eMgwaqeni waseMpumalanga Kapa (iziNhlinzeko zesiKhashana), 1997	Wonke
UMthetho No. 7 ka 1997	UMthethosichibiyelo weNdlu yabaHoli boMdabu, waseMpumalanga Kapa, 1997	Wonke
UMthetho No. 8 ka 1997	UMthetho weMithethonqubo yokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya waseMpumalanga Kapa, 1997	Wonke
UMthetho No. 9 ka 1997	UMthethosichibiyelo wezokuGembula nokuBheja waseMpumalanga Kapa, 1997	Wonke
UMthetho No. 1 ka 1998	UMthetho wokuBuyekezwa koKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 1998	Wonke
UMthetho No. 2 ka 1998	UMthetho wesiKhashana woKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 1998	Wonke
UMthetho No. 3 ka 1998	UMthetho wokuBuyekezwa kwesiBili koKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 1998	Wonke
UMthetho No. 4 ka 1998	UMthetho woKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 1998	Wonke
UMthetho No. 5 ka 1998	UMthetho wezamaKhasimende nokuXhashazwa kwamaKhasimende waseMpumalanga Kapa, 1998	Wonke
UMthetho No. 6 ka 1998	UMthethosichibiyelo wezokuGembula nokuBheja waseMpumalanga Kapa, 1998	Wonke
UMthetho No. 1 ka 1999	UMthetho weMfundo yaseziKoleni waseMpumalanga Kapa, 1999	Wonke
UMthetho No. 2 ka 1999	UMthetho wokuBuyekezwa koKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 1999	Wonke
UMthetho No. 3 ka 1999	UMthetho wokuHamba kweziMoto eMgwaqeni waseMpumalanga Kapa, 1999	Wonke
UMthetho No. 4 ka 1999	UMthetho woKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 1999	Wonke
UMthetho No. 5 ka 1999	UMthethosichibiyelo wezokuGembula nokuBheja waseMpumalanga Kapa, 1999	Wonke

UMthetho No. 7 ka 1999	UMthetho wezeziMali nokuPhatha, 1999	Wonke
UMthetho No. 8 ka 1999	UMthetho wokuThuthukiswa kwezoLimo, 1999	Wonke
UMthetho No. 9 ka 1999	UMthetho weNhlango eXhasa iziNdawo zaseMakhaya ngeziMali waseMpumalanga Kapa, 1999	Wonke
UMthetho No. 10 ka 1999	UMthetho wezeMpilo wesiFundazwe saseMpumalanga Kapa, 1999	Wonke
UMthetho No. 11 ka 1999	UMthetho weziThuthi zabaGibeli waseMpumalanga Kapa (iziNhlinzeko zesiKhashana), 1999	Wonke
UMthetho No. 3 ka 2000	UMthethosichibiyelo wezokuGembula nokuBheja waseMpumalanga Kapa, 2000	Wonke
UMthetho No. 4 ka 2000	UMthetho woKwabiwa kweziMali, 2000	Wonke
UMthetho No. 5 ka 2000	UMthetho wokuNqunywa kweziNhlobo zoMasipala, 2000	Wonke
UMthetho No. 7 ka 2000	UMthetho wokuChithwa koMhlaba waseMpumalanga Kapa, 2000	Wonke
UMthetho No. 1 ka 2001	UMthethosichibiyelo weBhodi lamaThenda esiFundazweni saseMpumalanga Kapa, 2001	Wonke
UMthetho No. 2 ka 2001	UMthetho wokuBuyekezwa koKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 2001	Wonke
UMthetho No. 4 ka 2001	UMthetho woKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 2001	Wonke
UMthetho No. 5 ka 2001	UMthethosichibiyelo wokuGqugquzela iziNdaba eziphathelene neNtsha, 2001	Wonke
UMthetho No. 6 ka 2001	UMthetho wokuLandelwa kwaMazinga ezeMpilo uma kuSokwa ngokweSintu, 2001	Wonke
UMthetho No. 7 ka 2001	UMthetho ophathelene nokuVikeleka kweNyama, 2001	Wonke
UMthetho No. 8 ka 2001	UMthetho wokuHlonzwa kweziLwane, 2001	Wonke
UMthetho No. 9 ka 2001	UMthethosichibiyelo weNdlu yabaHoli boMdabu waseMpumalanga Kapa, 2001	Wonke
UMthetho No. 10 ka 2001	UMthetho wokuBuyekezwa koKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 2001	Wonke
UMthetho No. 1 ka 2002	UMthetho wesiKhashana wokwaBiwa kweziMali, 2002	Wonke

UMthetho No. 2 ka 2002	UMthetho wokuBuyekezwa kwesiBili koKwabiwa kweziMali, 2002	Wonke
UMthetho No. 4 ka 2002	UMthetho wokuChitha uMthetho wezeziMali nezokuPhatha wesiShayamthetho sesiFundazwe, 2002	Wonke
UMthetho No. 5 ka 2002	UMthetho woKwabiwa kweziMali, 2002	Wonke
UMthetho No. 6 ka 2002	UMthethosichibiyelo weziNhlinzeko zesiKhashana zeziNhlangano ezeHlukene eziseMthethweni, 2001	Wonke
UMthetho No. 7 ka 2002	UMthethosichibiyelo weziMali kanye neziNtela zokuGembula nokuBheja, 2002	Wonke
UMthetho No. 8 ka 2002	UMthethosichibiyelo wezokuGembula nokuBheja waseMpumalanga Kapa, 2002	Wonke
UMthetho No. 9 ka 2002	UMthetho wokuBuyekezwa koKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 2002	Wonke
UMthetho No. 10 ka 2002	UMthetho wokuPhathwa ngeNdlela eNgcono kweMfuyo, 2002	Wonke
UMthetho No. 1 ka 2003	UMthetho wokuBuyekezwa kwesiBili koKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 2003	Wonke
UMthetho No. 2 ka 2003	UMthetho woKwabiwa kweziMali, 2003	Wonke
UMthetho No. 3 ka 2003	UMthetho wezeMigwaqo waseMpumalanga Kapa, 2003	Wonke
UMthetho No. 3[sic] ka 2003	UMthetho wokuBuyekezwa koKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 2003	Wonke
UMthetho No. 4 ka 2003	UMthetho wokuFundisa nokuQeqesha abaHlengikazi kanye nabaBelethisi waseMpumalanga Kapa, 2003	Wonke
UMthetho No. 5 ka 2003	UMthetho weBhodi yezokuVakasha ophathelene nokwelulwa kwesikhathi sokusebenza kwamaLungu waseMpumalanga Kapa, 2003	Wonke
UMthetho No. 6 ka 2003	UMthetho weMitapoyolwazi kanye neMisebenzi yoLwazi waseMpumalanga Kapa, 2003	Wonke
UMthetho No. 7 ka 2003	UMthetho weMisebenzi yezokuGcinwa koLwazi namaRekhodi, 2003	Wonke
UMthetho No. 8 ka 2003	UMthetho wezokuVakasha waseMpumalanga Kapa, 2003	Wonke
UMthetho No. 9 ka 2003	UMthetho ophathelene neziNto ezingaMagugu waseMpumalanga Kapa, 2003	Wonke
UMthetho No. 10 ka 2003	UMthetho woTshwala waseMpumalanga Kapa, 2003	Wonke

UMthetho No. 12 ka 2003	UMthetho weBhodi lezamaPaki esiFundazwe saseMpumalanga Kapa, 2003	Wonke
UMthetho No. 1 ka 2004	UMthetho wokuBuyekezwa kwesiBili koKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 2004	Wonke
UMthetho No. 2 ka 2004	UMthetho woKwabiwa kweziMali, 2004	Wonke
UMthetho No. 3 ka 2004	UMthetho wokuBuyekezwa koKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 2004	Wonke
UMthetho No. 4 ka 2004	UMthetho wokuMbiwa kweZidumbu waseMpumalanga Kapa, 2004	Wonke
UMthetho No. 5 ka 2004	UMthethosichibiyelo weMfundo yaseziKoleni waseMpumalanga Kapa, 2004	Wonke
UMthetho No. 6 ka 2004	UMthetho wokuChithwa kweBhodi yamaThenda esiFundazweni saseMpumalanga Kapa, 2004	Wonke
UMthetho No. 7 ka 2004	UMthetho weziGcinamagugu waseMpumalanga Kapa, 2004	Wonke
UMthetho No. 1 ka 2005	UMthetho wokuBuyekezwa koKwabiwa kweziMali, 2005	Wonke
UMthetho No. 2 ka 2005	UMthetho woKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 2005	Wonke
UMthetho No. 3 ka 2005	UMthethosichibiyelo weNdlu yobuHoli boMdabu, 2005	Wonke
UMthetho No. 4 ka 2005	UMthetho wobuHoli boMdabu nokuBusa waseMpumalanga Kapa, 2005	Wonke
UMthetho No. 5 ka 2005	UMthetho wokuBuyekezwa kwesiBili koKwabiwa kweziMali, 2005	Wonke
UMthetho No. 1 ka 2006	UMthetho wokuBuyekezwa koKwabiwa kweziMali, 2006	Wonke
UMthetho No. 2 ka 2006	UMthetho woKwabiwa kweziMali waseMpumalanga Kapa, 2006	Wonke

IMEMORANDAMU YEZINHLOSO ZOMTHETHOSIVIVINYO WOKUHLELWA KABUSHA KWENDAWO YASEMZIMKHULU WAKWAZULU-NATALI, 2015

1. ISENDLALELO

Inhloso yalo Mthetho ukufaka esikhundleni sezinhlaka zenqubomgomo, zomthetho nezokuphatha zesifundazwe saseMpumalanga Kapa izinhlaka zomthethonqubo, zomthetho nezokuphatha zesifundazwe saKwaZulu-Natali ngenxa yokufakwa kukaMasipala waseMzimkhulu ngaphansi kwesiFundazwe saKwaZulu-Natali ngokuhambisana noMthethosichibiyelo weShumi naMbili woMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, 2005 kanye noMthetho wokuChitha iMithetho yoMasipala abaneMingcele eKapakela kweZinye iziFundazwe nokuNye okuPhathelene Nalokho, 2005 (uMthetho No. 23 ka 2005)

NgokoMthethosichibiyelo weShumi naMbili woMthethosisekelo, 2005, izindawo ezisabalele ezifundazweni eziyisishiyagalolunye zanqunywa kabusha, phakathi kokunye, ngenhloso yokuthi kugwemeke imingcele yomasipala ekapakela ngaphandle kwemingcele yesifundazwe, futhi uMthetho wokuChithwa kweMithetho yoMasipala abaneMingcele eKapakela kweZinye iziFundazwe nokuNye okuPhathelene nalokho, 2005 (uMthetho No. 23 ka 2005), uhlinzekela izindaba ezahlukahlukene ezidalwe ukuhlelwa kabusha komasipala abebenemingcele ekapakela kwezinye izifundazwe.

Mhla zingama-27 kuMbaso 1994, kwahlanganiswa ndawonye lezi zizinda zikahulumeni ezintathu esiFundazweni saseMpumalanga Kapa:

- (a) isizinda sikaHulumeni sase-Transkei, esiseMtata (manje osekunguMthatha);
- (b) isizinda sikaHulumeni sase-Ciskei, esiseBisho; kanye
- (c) nesizinda sikaHulumeni saseMpumalanga Kapa, esiseBhayi.

Wonke amalungelo kanye nezimpokophelelo okutholwe, noma okunikezwe noma imuphi umuntu, uhlaka olusemthethweni noma uhlaka lombuso obelusendaweni yaseMzimkhulu ngaphambi kokuba ifakwe ngaphansi kwesiFundazwe saKwaZulu-Natali kuyoqhubeka nokusebenza maqondana nezinhlelo ezenziwe ngokomthethosisekelo nangokwemithetho esetshenziswayo ephathelene nezokuphatha. Lokhu kuphinde kusebenze futhi kumalungelo nezimpokophelelo (kubandakanya ukugunyazwa, amalayisensi, izimvume kanye nezikweletu, izibopho namajoka ahambisana nalokho) ezihambisana, noma ezenziwe abantu, izinhlaka ezisemthethweni noma izinhlaka zikahulumeni, ezesekwa isinqumo esisemthethweni esithathwe ngokohlamvu 1 loHlelo 6

IoMthethosisekelo ka 1996, olubeka ukuthi umthetho omdala wangaphambi komhla zingama-27 kuMbaso 1994, nemithetho yesikhashana eyasungulwa phakathi komhla zingama-27 kuMbaso 1994 kuya kumhla zi-3 kuNhlolanja 1997, iyoqhubeka nokusebenza kuze kube iyachithwa, iyachitshiyelwa noma kufakwa eminye esikhundleni sayo, noma uma ingasahambisani noMthethosisekelo ka 1996.

Ukuze kubhekwane nazo zonke izindaba eziveza ukuthi uMasipala waseMzimkhulu uzofakwa kanjani ngaphansi kwesiFundazwe saKwaZulu-Natali okukhulunywe ngakho ngenhla, uMnyango wezokuBusa ngokuBambisana nezoMdabu waKwaZulu-Natali uqale umklamo ngonyaka ka 2009 wokunquma uhlaka lomthetho olusebenzayo kanye nezinhlinzeko zomthetho okuyizona ezeseka amalungelo nezimpokophelo ezikhona (kubandakanya ukugunyazwa, amalayisensi nezimvume kanjalo nezikweletu, izibopho namajoka okuhambisana nalokho) zabantu, zezinhlaka ezisemthethweni nezinhlaka zombuso, kube nesidingo sokuthi kuqaliswe umklamo ohlose –

- (a) ukuqinisekisa ukusebenza ngendlela efanele komthetho;
- (b) ukuvikela amalungelo akhona kanye nezimpokophelelo (kubandakanya ukugunyazwa, amalayisensi nezimvume kanye nezikweletu, izibopho namajoka ahambisana nalokho) zabantu, zemigwamanda esemthethweni nezezinhlaka zombuso;
- (c) ukugunyaza izenzo zezokuphatha ezenziwe abasebenzi ngezinhloso ezinhle ngaphambi nangemuva kokufakwa koMzimkhulu ngaphansi kwesiFundazwe saKwaZulu-Natali; kanye
- (d) nokushintshwa ngokuphelele kokusebenza kwemithetho yaseMpumalanga Kapa ngokuthi kwelulwe ukusebenza kohlaka lomthetho luka-2008 lwaKwaZulu-Natali eMzimkhulu.

Lo mklamo unqume ukuthi uhlelo lwezomthetho lwaseMzimkhulu ngaphambi kokuba lufakwe ngaphansi kweKwaZulu-Natali beluqukethe –

- (a) umthetho ophathelene namasiko;
- (b) imithetho emikhulu nemincane yase-Transkei eyamiswa ngaphambi kuka 1994;
- (c) imithetho emikhulu nemincane yase-Transkei engamiswa ngaphambi kuka 1994;
- (d) imithetho emikhulu nemincane yeRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika eyamiswa ngaphambi kuka 1994;
- (e) imithetho emikhulu nemincane yeRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika engamiswa ngaphambi kuka 1994;

- (f) nanoma yimuphi omunye umthetho odluliselwe e-Transkei ngaphambi kosuku lwayo lokuzimela geqe;
- (g) imithetho emikhulu nemincane yaseMpumalanga Kapa eyamiswa noma eyakhishwa isiShayamthetho saseMpumalanga Kapa noma uMkhandlu oPhethe ngemuva komhla wama-27 kuMbasa 1994;
- (h) imithetho emikhulu nemincane yaseMpumalanga Kapa eyamiswa noma eyakhishwa yiPhalamende leRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika noma uMkhandlu oPhethe ngemuva komhla wama-27 kuMbasa 1994; kanye
- (i) nezinqumo zenkantolo ezibe nomthelela kunanoma imuphi umthetho noma imithetho engenhla.

Ngalokho-ke, lo Mthetho uhlose ukuhlinzeka ngomthetho oqondile kuHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natali, kuMasipala waseMzimkhulu nomphakathi owakhele, kanjalo nakubo bonke abathintekayo nokuthi kuchithwe ngokucacile izinhlaka zenqubomgomo, zomthetho nezokuphatha zaseMpumalanga Kapa esikhundleni sazo kufakwe izinhlaka ezifanayo zaKwaZulu-Natali. Lo Mthetho uphinde uhlinzekele okunye okuphathelene nalokho okungavela uma kuhlelwa kabusha indawo engaphansi kukaMasipala waseMzimkhulu nezinhlaka ezisebenza KwaZulu-Natali.

2. IZINHLOSO NOKUCHAZWA KWEZIGABA

Isigaba soMthetho 1: Izincazelo

Izincazelo ezisetshenzisiwe ziyizincazelo ezijwayelekile ezisetshenziswe kweminye imithetho yaKwaZulu-Natali. Ikakhulukazi incazelo “kaMasipala waseMzimkhulu” isho umthetho omncane lo masipala osungulelwe phezu kwawo ngenhloso yokuthi ufakwe ngaphansi kwesiFundazwe saKwaZulu-Natali.

Isigaba soMthetho 2: Ukusebenza koMthetho

UMthetho usebenza kuphela endaweni engaphansi kukaMasipala waseMzimkhulu njengoba kuchazwe eMthethweni.

Isigaba soMthetho 3: Izinhlaka zenqubomgomo, zomthetho nezokuphatha ezisetshenziswa eMzimkhulu

Lesi yisigaba soMthetho sokuhlela kabusha noma sokufaka uMzimkhulu ngaphansi kwesiFundazwe saKwaZulu-Natali. Lesi sigaba soMthetho sibeka ukuthi izinhlaka zenqubomgomo, zomthetho nezokuphatha ezisebenza esiFundazweni saKwaZulu-Natali kusukela osukwini okuqala ngalo ukusebenza kwalo lo Mthetho ziyasebenza endaweni engaphansi kukaMasipala waseMzimkhulu.

Isigaba soMthetho 4: Ukuhlonishwa nokuvikelwa kwamalungelo akhona kanye nezimpokophelelo

Lesi sigaba soMthetho sihlizekela ukuthi kuqhutshekwe nokuvikelwa, nokuqinisekiswa kanye nokusetshenziswa kwamalungelo kanye nezimpokophelelo (kubandakanya ukugunyazwa, amalayisensi, nezimvume kanye nezikweletu, izibopho namajoka ahambisana nalokho) obekuvele kukhona ngaphambi nangemuva kosuku lokufakwa koMzimkhulu ngaphansi kwesiFundazwe saKwaZulu-Natali ukuze kuqhubeke nokusebenza ngemuva kokuqala kokusebenza kwalo Mthetho, noma ngabe uhlaka lwenqubomgomo, lomthetho nolokuphatha lwalawo malungelo nezimpokophelo belukhona noma belungekho KwaZulu-Natali.

Ngaphezu kwalokho, amalungelo kanye nezimpokophelelo (kubandakanya ukugunyazwa, amalayisensi nezimvume kanye nezikweletu, izibopho namajoka ahambisana nalokho) ezisebenzayo ngokwezinhlelo zenqubomgomo, zomthetho nezokuphatha zesifundazwe saseMpumalanga Kapa, kuyahlonishwa, futhi izicelo zokuvuselela kumele zenziwe ngokuhambisana nezinhlelo zenqubomgomo, zomthetho nezokuphatha ezifanayo zaKwaZulu-Natali.

Isigaba soMthetho 5: Ukuba semthethweni kwezenzo zezokuphatha nokulawula

Lesi sigaba soMthetho sihlizeka ngokuthi izenzo zezokuphatha nokulawula ezenziwe ngezinhlelo ezinhle ngenxa yokungabi khona kwemithetho esetshenziswayo noma kohlaka lomthetho olulandelwayo, ezenziwe umsebenzi noma uhlaka oluthile maqondana nanoma yiluphi udaba endaweni engaphansi kukaMasipala waseMzimkhulu ngaphambi kokuqala kokusebenza kwalo Mthetho zithathwa njengezenziwe ngokusemthethweni.

Isigaba soMthetho 6: Uhlaka lolukawula namanye amandla

Lesi sigaba soMthetho sinika amandla iLungu loMkhandlu oPhethe ukuba limise imithethonqubo futhi lishicilele izaziso *kwiGazethi yesiFundazwe* ukufezekisa lo Mthetho.

Isigaba soMthetho 7: Impahla

Ngenxa yokufakwa koMzimkhulu ngaphansi kwesiFundazwe saKwaZulu-Natali, impahla ehlukehlukehle kumele idluliselwe esiFundazweni saKwaZulu-Natali. Lesi sigaba soMthetho sihlizekela ukudluliselwa kwempahla egudluzekayo isuswa esiFundazweni saseMpumalanga Kapa idluliselwa esiFundazweni saKwaZulu-Natali, engakadluliselwa ngokulandela isivumelwano esenziwe phakathi kweminyango kahulumeni wezifundazwe ngaphambi noma nangemuva kokuqala kokusebenza koMthetho.

Isigaba soMthetho 8: Izinhlinzeko zezikhashana

Lesi sigaba soMthetho sihlizeka ngokuthi izinyathelo ezithathwe endaweni engaphansi kukaMasipala waseMzimkhulu ngokwezinhlaka zenqubomgomo, zomthetho nezokuphatha zesiFundazwe saseMpumalanga Kapa, okuthe ngenxa yalo Mthetho zachithwa, zithathwa njengebezifanelekile ngaphansi kwezinhlinzeko ezisetshenziswa ngaphansi kwezinhlaka zenqubomgomo, zomthetho nokuphatha zesiFundazwe saKwaZulu-Natali.

Isigaba soMthetho 9: Ukuchithwa kwemithetho

Lesi sigaba soMthetho sihlizekela ukuchithwa kwemithetho yaseMpumalanga Kapa ebisetshenziswa endaweni engaphansi kukaMasipala waseMzimkhulu ngesizathu sokuthi phambilini ibuwumasipala obungaphansi kwesiFundazwe saseMpumalanga Kapa. Le mithetho esikhundleni sayo kufakwa izinhlaka zenqubomgomo, zomthetho nezokuphatha zaKwaZulu-Natali njengoba kuhlinzekelwe esigabeni soMthetho 3 salo Mthetho. Nakuba kunjalo, isigaba soMthetho 9 asihlinzekeli ukuchithwa kwayo yonke imithetho esetshenziswa endaweni engaphansi kukaMasipala waseMzimkhulu, njengoba isigaba soMthetho 9(2) siqukethe leyo mithetho engachithwanga.

Isigaba soMthetho 9(2)(a) sishiya ngaphandle nanoma iluphi uhlaka lwenqubomgomo, lomthetho nolokuphatha oluphathelele nomthetho wamasiko ekutheni luphazanyiswe yilo Mthetho. Ngokuhambisana noHlelo 4 (lweNgxenywe A) loMthethosisekelo, lokhu kungomunye wemisebenzi okumele ngokomthetho unqunywe yisifundazwe ngokubambisana nohulumeni kazwelonke. KwaZulu-Natali uMthetho ophathelene namasiko uqukethe uMthetho waKwaZulu ophathelene neNqubo yoMthetho wamaZulu 16 ka 1985, iNqubo yaseNatali yoMthetho wamaZulu (isiMemezelo R. 151 sika 1987), kunjalo nomthetho wamaZulu ongaqoshiwe, okuyimithetho engagaze isetshenziswe emphakathini owakhele indawo engaphansi kukaMasipala waseMzimkhulu.

Isigaba soMthetho 9(2)(b) siwushiya ngaphandle umphakathi wasemakhaya, imikhandlu yezomdabu, abaholi bomdabu kanye nezikhungo zezomdabu ezinhlinzekweni zalo Mthetho. UHlelo 4 (lweNgxenywe A) (kuncike kwiSahluko 12) loMthethosisekelo nalo futhi luphinde luhlinzeke ngokuthi izindaba eziphathelele nobuholi bomdabu zinqunywa ngokubambisana phakathi kukazwelonke nesifundazwe. Ngenxa yalokhu, umthetho kazwelonke kanye nowesifundazwe ophathelene nokubuswa kwemiphakathi yasemakhaya ofana noMthetho owuHlaka lobuHoli boMdabu nokuBusa, 2003 (uMthetho No. 41 ka 2003), uMthetho wobuHoli boMdabu nokuBusa, 2005 (uMthetho No. 5 ka 2005)

kanye noMthetho wobuHoli boMdabu nokuBusa waseMpumalanga Kapa, 2005 (uMthetho No. 4 ka 2005).

Okwesithathu okushiywa ngaphandle, okuhlinzekelwe esigabeni soMthetho 9(2)(c), kusebenza ezinhlakeni zenqubomgomo, zomthetho nezokuphatha ezimayelana nobunikazi kanye nokuphathwa komhlaba. Le mithetho ayisebenzi ezimweni lapho ukusetshenziswa komhlaba kuhambisana nezinhloso zikazwelonke, kunemithetho eyamiswa ngaphambi konyaka ka 1994 (okuyimithetho esetshenziswa ezingeni likazwelonke) nokungasetshenziswa koMthetho weNgonyama Trust, 1994 (uMthetho No. 3KZ ka 1994), kunoma imuphi umhlaba osendaweni engaphansi kukaMasipala waseMzimkhulu.

Isigaba soMthetho 10: Isihloko esifingqiwe

Lo Mthethosivivinyo ubizwa ngoMthethosivivinyo wokuHlelwa kaBusa kweNdawo yaseMzimkhulu waKwaZulu-Natali, 2015.

Isigaba soMthetho 11: UHlelo

UHlelo lunohlu lwemithetho esetshenziswa endaweni engaphansi kukaMasipala waseMzimkhulu echithiwe njengoba kuhlinzekelwe esigabeni soMthetho 9, kanye nobungako balokhu okuchithiwe.

3. EMINYE IMINYANGO KANYE NEMIGWAMANDA OKUXHUNYANWE NAYO

Le minyango kahulumeni elandelayo kanye neminye imigwamanda kuxhunyanwe nayo:

- (a) uMnyango wezokuBusa ngokuBambisana nezoMdabu waKwaZulu-Natali;
- (b) uPhiko lokuGcina iMininingwane lwesiFundazwe saKwaZulu-Natali;
- (c) uMnyango wezoBulungiswa kanye nokuThuthukiswa koMthethosisekelo;
- (d) uPhiko lokuGcina iMininingwane kuZwelonke;
- (e) iKhomishana yaseNingizimu Afrika ebhekele ukuPhuculwa koMthetho;
- (f) iHhovisi likaNdunankulu kuHulumeni wesifundazwe saseMpumalanga Kapa;
- (g) uMnyango wezoHulumeni baseKhaya kanye nezeziNdlu: kuHulumeni wesifundazwe saseMpumalanga Kapa;
- (h) uPhiko lokuGcina iMininingwane esifundazweni saseNtshonalanga Kapa;
- (i) uMnyango wezoHulumeni nezeziNdlu wesifundazwe saseNtshonalanga Kapa;
- (j) uPhiko lokuGcina iMininingwane lwaseMthatha;
- (k) uMtapowolwazi eNkantolo ePhakeme yaseMthatha; kanye
- (l) noMtapowolwazi wasePhalamende.

4. IZIMALI EZIZODINGEKA

Njengamanje azikho izimali ezizodingeka maqondana nokuqaliswa kwalo Mthetho.

**KWAZULU-NATAL WETSONTWERP
OP BERIGTING VAN UMZIMKHULU, 2015**

WETSONTWERP

Om voorsiening te maak vir die berigting van die beleid, statutêre en administratiewe raamwerke tans van krag in die jurisdiksiegebied van die Umzimkhulu Plaaslike Munisipaliteit met die beleid, statutêre en administratiewe raamwerke tans van toepassing en van krag in die groter KwaZulu-Natal; om voorsiening te maak vir die herroeping van geïdentifiseerde dele van die Oos-Kaap beleid, statutêre en administratiewe raamwerke van krag in die jurisdiksiegebied van die Umzimkhulu Plaaslike Munisipaliteit; om voorsiening te maak vir die bevestiging van die territoriale toepassing van die bestaande KwaZulu-Natal beleid, statutêre en administratiewe raamwerke vir die jurisdiksiegebied van die Umzimkhulu Plaaslike Munisipaliteit; om voorsiening te maak vir 'n raamwerk vir die beskerming van bestaande regte en belange in die jurisdiksiegebied van die Umzimkhulu Plaaslike Munisipaliteit; om voorsiening te maak vir die bekragtiging van uitvoerende en administratiewe handeling uitgevoer te goeder trou in die jurisdiksiegebied van die Umzimkhulu Plaaslike Munisipaliteit; om die Lid van die Uitvoerende Raad verantwoordelik vir plaaslike regering te bemaatig om regulasies uit te vaardig en kennisgewings uit te reik; om voorsiening te maak vir oorgangsreëlings; en om voorsiening te maak vir aangeleenthede wat daarmee verband hou.

AANHEF

